AS1982-1 -5-%

- â\200\224â\200\224â\200\224 - -

/TVALIWE IZE_IKHULUNYWE/

UKUHAMBELA KWAMALUNGU OMKHANDL'Y WESISHAYAMTHETHO SAXWAZULU ENGWAVUMA UXUZE ABIXELE ABANTU BAMAKHOSI UNYAWO ,UMATHENJWA NOMGOMEZULU NGENHLOSO YEPITOLD YOKUSIKA ISIFUNDA SASE NGWAVUMA OKWAXHE XUSO LEZIZIZWE SINIKEZWE KANYE NABANTU ABAKHE KUSO KWELASESWAZINI.

Inkulume nguMntwana Mangosuthu G. Buthelezi
uNdunankulu wakwaZulu
uMengemeli weNkatha
uSihlalo weNhlanganc yoBambiswano Lwaba-
myama yaseNingizimu ne-Afrika

EMAHHOQOVISI EM/NTSHI ENGWAVUMA 28 Meyi 1982

Amalunga oMkhandlu weSishayamthetho saKwalZulu eze kulesisifunda ukuze azobikela abantu bakulesisifunda ngomhlabe ofunwa ngamaSwazi ohlanganisa izindawo zakwaNyawo, kwaMathenjwa nakwaMgomezulu. Sekuneminyaka manje loludaba luxoxwa eMkhandlwini weS8ishayamthetho Lokhu Xwakungumphumela wamahlebezi ayengenasiqiniseko nebufakazi bokuthi elaseSwazini 1lithi lezizindawo ziyingxenye yomhlaba wamaSwazi, amaSwazi asefuna ukuba azibone sezingeniswe ngaphansi kxwelaseSwazini. Sekuke kwenezikhathi eziningi lapho amakhosi ulyawo, uMathenjwa nolngomezulu kuye kwadingeka ukuba afunge phambi kweSilo salabandla Onke, Ingonyama yamaZulu ukuthi kabazithathi njengamaSwazi. Basho ezinye zezinto gbazisho kini lapha namhlanje.

Eminyakeni emibili edlule, uMntanenkosi uVelaphi Dlamini noDokotela Sishayi Nxumalo bafika kimi Ondini. Bathi banenhloso yokwethula isifiso sabo ngaphambi kweSigumgu sakwaZulu sokuba eminye yalemihlaba ingeniswe ngaphensi kwelaseSwazini. Ngaphambi kwalokho oNggonggoshe bami ababili, uMnu., C.J, Mtetwa noMau.W.S. Kanye (owayengunggqongqoshe wakwaZulu weZangaphakathi npgaleyonkathi) babenenamaxoxo ngaloludaba eSwezini nabanye balezizikhulu kepha abangazange bafinyelele ekuzwaneni ngalo.

Ngabuye ngamenywa nguNgqon gqgoshe Wobambiswano Nentuthuko, uDokotela P.G.J. Koornhof, Ilungu Lepalamende, ukuba ngize ePitoli mayelana nalomhlaba ckwakuthiwa amaSwazi athi ngowawc. Ngangiphelezelwa nguNgqgon ggoshe Wezobulungiswa, uMnu C.J.Mtetwa uNgqonggoshe Wezangaphakati, uDokotela F,T. Mdlalose ne@ Mau. G.J. Thula, iNhloko yamaNxusa akwaZulu Emadolobheni. Umhlangano wabanjelwa ehhovisi lika Mau. P.W.Botha, Tlungu Lephalamende,
# R R T e e

- - - - e

uNdunankulu waselingizimu neAfrika. Ngaphandle kukaNdunankulu noDokotela Kocornhof, kwakukhona noNgqongqoshe Wezindaba Zangaphandle Nokwazisa, uMnu. R.F. Zotha, IlungullLephalamende Kulowomhlangano ngaphendula ngenkulumo eqoshwe phansi yokuzikhumbuza ngakucacisa ukuthi thina KwaZulu asikwazi ngisho ukuyilalela nje inkulumo yomhlaba amaSwazi athi ngowawo. Ngaleyonkathi kwakuthiwa umhlaba amaSwazi athi ngowawe yizindawo zakwaMathenjwa, kwaNyawo nakwa Mngome zulu. Ngayifaka nokho nendawo yakwaTembe empendulweniyami ngakuchitha ukufaneleka kwalenklklumo yamaSwazi ngomhlaba athi ngowawo, Ngakuphawula ukuthi kulolonke elaseAfrika, ngenxa yemingcele eyayiklanywa nje ngaphandle kokubonisana eyadatshulwa yimibuso yakwamanye amazwe @yayibusa phezu kwezizwe zase˜Afrika, ziningi izizwe ezanganyulwa phakathi, ingxenye eyodwa yaba ezweni elilodwa kwathi enye ingxenye yaso lesosizwe yaba kwelinye izwe Ngakusho futhi ukuthi kwaba yisinqumo seNhlangano Yobunye Be-Afrika (OAU) ngenkathi isungulwayc ukuthiâ\200\231imingcele yemibuso yase=-Afrika iyona njengoba yayidatshulwe ngababusi bakwamanye amazwe ngaphambi kokuba iAfrika ikhululeke. NgatÃ©henwa ukuthi uvhulumeni waselNingizimu neAfrika wayesazozicahanga lezizindaba engangikhulume ngazo. Kwathi kamuva ngatshenwa nguDokotela Koornhof, uNggongqoshe Wobambiswano neNtuthuRo ukuthi kunomhlangano owawuhlelelwe ukuba ubeseKibhithawini maqondana nedaba lomhlaba ofunwa ngamaSwazi okwakufanele nami ngibekuwo, okwakuzobakhona nezithunywa zase-Swazini kuwo. Kepka kwathi Ã©zinsuokwirirezimbalwa nje ngapharbi kokuba ngiye kulowomhlangano ngatshenwa ukuthi lowomhlangano kawusekho. Kwabe sekubuye kuzwakala ukuthi kanti lowomhlangano wesulwa ngenxa yokuba amaSwazi akawemukeli uhulumeni wakKwaZulu ngakho ayengazimisele ukuhlanganyela emhlanganweni engangiyo-hlanganyela kuwo nami. Ugingiphothwe woqobo, ngemuva kokuba babeze bazifikela ngisho nasOndini ukuzongazisa ngalezizihhloso zabo,

Kukamuva-ke nje lapho ngizwe khona ngomhlaba amaSwazi athi ngowawo KaNgwane, lokho ngikuzwa njengoSihlalo weNhlangano Yobambiswano Lwabamnyama YaseNingizimu ne˜Aftrika., Ngakhuluma ngodaba lomhlaba wakKwaZulu amSwazi athi ngowawo emhlanganweni noDokotela Kocrnhof noDokotela De Villiers, UNgqongqoshe Wezohwebo Nezimboni Nezeszivakashi ngomhlaka 8 kuMashi 1982, uMnu. R.F. Botha, uNgqogqoshe Wezindaba Zangaphandle, wayesephumile endlini esasihlanganele kuyo ngenkathi kukhulunywa ngaloludaba., uDckotela Koornhof wanginikeza isiginiseko, nokho, ukuthi umhlaba

TSGR R IRC S o Vi oo atenh WRkWaZULU yeexe s sonipis s v afB

wakwaZulu wawungakangeni emhlabeni amaSwazi ayethi ngowawo ngale=-
nkathi. Wathi urhlaba amaSwazi ayewufuna wawusagcina ngelaKaNgwane
kuphela nokuthi wyongazisa nxa kukhona umhlaba wakwaZulu amaSwazi
athi ayawufuna. Kwakunpgokwesibili ngifumana lesisiqginiseko.
Ngangike ngabuza umbuzo ofanayo esikhathini esiphambili nganikezwa
isiginiseko nguNggonggoshe, ngomlomc weNxusa=-Jikelele, ukuthi
kawukho umhlaba waXwaZulu amaSwazi ayethi ngowawo ngaleyonkathi
uDokotela Koornhof wanginika isiqiseko ngoMashi ukuthi akasoze

enza lutho ngemuva kwami.

Ngomhlaka 29 ku-Aprili, ngafumana umyalezo uvela eNxuseni='ikelele
uMnu. P.N. Hansmeyer, uthi kukhona ucingo ayeluthcle luvela
kuNgaongqoshe Wobambiswano Nentuthukho, uDokotela Koornhof, luthi
kufanele ngihlangane naye eKibhithawini ngomhlaka 3 YÂ¥wMeyi.
INxusa-Jikelele langitshena ukuthi uNgqonggoshe akazange

alitehele ocingweni ukuthi udaba esasizohlangana ngalo luthini
Nokho INxusa˜Jikelele ledlula lathembisa uvkuthi lizomshayela
ucingo uNgqonggoshe lizame ukuzwa ukuthi yini esasizoxoxa ngayo.
UNgqongqoshe wengaba ukusho ukuthi sasizoxoxa ngani kulowomhlangano
Wathi nje ngangingeza noma yinobani engifisa ukuza naye. Ngabe
sengicela uMhlonishwa uSomlomo nawoNgqongqoshe bami ababili

ukuba bangiphelezele, uDokotela O.D. Dhlomo, uNggqonggoshe

Wemfundo namaSiko noDckotela F.Â¥. Mdlalose, uNggonggoshe
Wezangaphakathi. Omunye owayengiphelezela nguMnu. R.S5.E. Ngubene
uNobhala wami. Ekufikeni kwethu uNgqongqoshe wangicela ngingaka-
hlali naphansi ukuba ngihambe naye siye kwenye indlu eyakhelene
nalena esasizohlanganela kuyo. Lapho wangitshela ukuthi ufisa
ukungitshena ukuthi ungibizele ukuba angitshele ngorhlaba

amaSwazi athi ngowawo esifundeni saselgwavuma manje njengoba

uMnu. Pik Botha, uligqonggoshe Wezindaba 7angaphandle, wayese-
luxoxile loludaba neligwenyama yamaSwazi, Wathi njengoba
ayengithembisile ukuthi ngeke enze lutho ngemuva kwami ngenkathi
sibonana ngoMashi, wayesenqume ukuba angicele ukuba ngize
eKibhithawini, futhi weyengakwazi ukungitshena ngalokhu ocingweni.
Wabesengibuza ukuthi singaluxoxa yini loludaba sobabili sifinyelele
ekuvumelaneni okuthile ngaphambi kokuba sibuyele ehhovisi lakhe
siyohlangana nabanye. Ngamtrhena uNggongqoshe ukuthi ngikhetha
ukuba sibuyele ehhovisi lakhe siyoxoxa ngaloludaba zikhona nezinye
izithunywa, okusho izithunywa zakhe nalezo ezazihambi$sna nami.
Sabe sesiphindela ehhovisi lakhe. Nangu-ke umbiko w#ickho
okwakhulunywayo:

UDOkOte':a a'lttoootoo--oo./'ï¬\202f

R

UDokotela Koornhof: Wemukela izithunywa ezazivela KwaZulu

ziholwa nguthlonishwa uNdunankulu. Wabe esebeka lamarhuzu alandelayo:

1.

wathi ufuna ukuxoxa ngodaba olusemqoka kakhulu, Wabonga jzithunywa ezazivela KwaZulu ngokuphume lela kwazo nokuba sazaziswe isikhathi somhlangano sesisondele kakhulu. Nxa udaba selwethuliwe wayeneqiniso ukuthi kuyakhanya ukuthi kwakudingeke ngani ukuba isimemo siphume esikhathini esifushane kangako, nokuthi kwakudalwa yini ukuba loludaba lufiklwe ngalendlela.

Ephlanganweni waloluhlobo odlule uMhlonishwa uNdunank 1u wakwaZulu wayekushilo ukuthi kukhona amahlebezi ngokubo = nisana okunhakathi kweRiphabliki yaseNingizimu ne-Afrika nelaseSwazini ngeNgwavuma. Wayekushilo uDckotela Kcornhof ngaleyonkathi ukuthi loludaba lusingethwe ngudMhlonishwa

uMnu. R.F. Botha, uNggongqoshe Wezindaba Zan gaph andle nokuthi yena uDokotela Koornhof wayengazi lutho ng˜lo. Wathenbisa, nokho, ukuthi uyomazisa uMhlonishwa uNdunankulu wakwaZulu nxa kukhona okuvelayo ngaloludaba,

Esikhathini esingangeviki esidlule ulMnu. R.F. Botha waye benamaxoxo neNgwenyama uScbhuza II ngodaba lokulungiswa kwemingcele. kubonakala njengento enokwenzeka ukuba ezinye iziphakamiso phakathi kwelaseSwazini neRiphabliki yaseNingi-zimu ne-Afrika ziholele esiphethweni esiyobanosizo ekudaleni

ukuthula e-Afrika eseNingizimu. Ngenxa yalokhu ubona ukuthi

kubalulekile ukuluxoxa loludaba noMhlonishwa uNdunankulu wakwaZulu nabahambisana naye ngokushesha. Wathi ucabanga ukuthi nxa elakKwaZulu lingase lizwane neRiphabliki yaseNingizimu ne˜Afrika, kungase kusizakale zombili izinhlangothi.

Ingwenyama yamaSwazi noHulumeni wayo seyikusho yakuphindaphinda ukuthi kukhona amaKhosi nabantu bendawo eNgwavuma abacela

ukuba indawo yaseNgwavuma ingeniswe kwelaseSwazini, sekuhlangene nendawo eseNingizimu neMpumalanga yeNtilasifali.

UHulumni..l.â\200\231.’....’I.l...l/s

usâ\200\224

UHulumeni waseRiphabliki uyakubona ukuthi ukuthatha noma yisiphi icigephu somhlaba ohlinzekelwe elaKwaZulu sifakwe ngaphansi kwelaseSwazini kuyinto ebucayi kakhulu magondana nelakwaZulu kanvenoMhlonishwa uNdunankulu waKwaZulu. Wathi kuhlongozwe ukuba amaxoXo aphathelene naloludaba enzelwe phezu kwesisekelo sokunxeshezelwa ngomhlaba cweneleyo. UMau. van

der Walt nguyena=-ke owayezokwenaba maqcndana nalokhu.

uDokotela Kcornhof ukubona ngokupheleleyo ukuthi kungase kungafinyelelwa esinqumeni esipheleleyo ngalo 1e101anga. Okungase kulandele kungaba yikuxoxisana neSigungu sakwaZulu noma noMkhandlu weSishayamthetho sakwaZulu, Kukhona umhlaba okunikelwa ngawo njengesinxephezelo. Wayezazi uNdun ankulu waseRiphabliki iziphakamiso ezazihlongoziwe eqinisweni wayesethathe isinqumo sokuba lezoziphakamiso zethulwe kuMhlonishwa uNdunankulu wakKwaZulu. Ukubonisana kungenzelwa phezu kwaiesosisekelo-ke.

Uvnnt, van der Walt:

1.

IKhomishani ayiholayo (yokuhlanganiswa komhlaba) yacelwa yi-Khabhinethi yaseRiphabliki yaseNingizimu ne-Afrika ukuba isho ukuthi luhlobo luni lwesir xephezelo esinganikezwa elakwaZulu nxa Ingwavuma ingabelwa elaseSwazini. Kwakwazeka ukuthi kukhona izingxenye ezithile zomhlaba ezazingakadluliselwa kwela=-KwaZulu njengokuhlinzeka kweziphakamiso zokuhlanganiswa komhlaba zika 1975, kanti ezinye zase zidliliselwe. Ngakho˜ke kufanele lubukezwe lonke udaba lokuhlanganiswa komhlaba.

Nxa kubhekwa iziphakamiso zika 1975, kucatshangwa ukuthi izingxenye ezithile okwakufanele ukuba zisikwe zihleshulwe kwelaKwaZulu ziyekwe zingabe zisasikwa. lezizindawo yilezi:

(a) Yisigodi esinguReserve Nombolo 12 esingamahekthari ayizi 20 000 - ngaseNtshonalanga yeHluhluwe esifundeni sakwa-Hlabisa (eqoshwe yabangunombolo 10 ebalazweni).

(b) Yisigodi esinguReserve Nombolo 3 esingamahekthati ayizi 22 000 - eduze kwesiqiwu esizungezevichweba lase St Lucia (eqoshwe yabangunombolo 12 ebalazweni) .

(c) Yisigodi esinguReserve Nombolo 13 - indawo yaseDingaanstad engamahekthari ayizi-6 000.

(d} Yisigodi esinguReserve Nombolc 5 - esiqoshwe sabangu=nombolo 14 ebalazweni =-esingamahekthari ayizi-4 000

sekuhlangene ..,........../6

B

sekuhlongene nondawo yeXolishi laseCwaka leZolimo.
(e) Yisigodi esinguReserve Nombolo 17 (esiqoshwe sabangu-nombolo 15 shalazweni) = ecingamshekthari ayizi-35 000
(f) Yisigodi esinguPezerve Nombclo 16 esiyingxenye kaReserve Nombolo 17 endaweni yaseNkwalini = esingamahekthari abalelwa ezi = 13 000.

Lokhu kusho ukuthi usuwonke umhlaba okwakuhlelwe ukuba uhleshulwe kwelaKwaZulu ongamaHekthari ayi 100 000 wawun geke usahleshulwa, futhi lokho kwase kuzoba yingxenye yesivume lwano sokunikezwa kweNgwavuma kwelaseSwazini,

2. Ngaphezulu kwalomhlaba obalwe ngenhla, lezizindawo ezilandelayo zazizofakwa ngaphansi kwelaKwaZulu:

(a) Izigiwu ezimbili, esaseHluhluwe, nesaseMfolozi kanye nomhlaba ophakathi kwazozombili lezizigiwu. Usuwonke lomhlaba itngamahekthari ayizi 130 000.

(b) Yisigodi esinguReserve Nombolo 7, okusho ingxenye eseleyo yendawo yasâ\200\234bonjeni. Lendawo ihlanganisa nendawo yenkasa Ingamahekthari ayi 100 000, ingxenye eyizi 20 000 yaleyo ndawo engumhlaba ongalinywa.

Kafushane nje, kusho ukuthi elaKwaZulu liyolahlekelwa ngama-hekthari ayizi 96 000 kepha lizuze izi 332 00C. Okusho ukuthi umhlaba omusha elaKwaZulu elizowuzuza, ebelingenawo, ngamahekthari ayizi 236 000.

UDokotela Koornhof:
Lezizindawo okuphakanyiswa ukuba zinikezwe elakwaZulu zingurhlaba onenzuzo enkulu, olimekayo, nonenkasa, ikakhulukazi ngasedanyini

laseJozini.

UMhlonishwa UNdunankulu waKwaZulu:
"Usho ukuthi nifuna ukulisika lonke elaseNgwavuma nilinikeze elase=-

Swazini.

UDokotela Koornhof:
Wazikhomba izindawo ezithintekayo.

UMhlonishwa uNdunankulu....../7

"

UMhlonishwa uNdunankulu waKwaZulu:

"Kepha abantu bakhona kabawona amaSwazi' Ushiaba wakhena awvkaze ubengunhlaba waseSwazini, Yindawo lapho kuvela khona uNobhala wami nje, uMnu, E.S.E.Ngubane. Lababantu abakaze babengamaSwazi."

UDokotela Koornhof:
"Kulendawo sinabakwaMathenjwa, abakwaMngomezÂ®lu, abakwaNyawo

kanye nabakwaTembe.' Wakugcizelela ukuthi ngamaSwazi ayenze jziphakamiso kwelaseRiphabliki yaseNingizimu ne-Afrika, iRiphabliki kayizange ihlongoze lutho. Isicelo samaSwazi sasikushilo ukuthi maningi amaSwazi ahlala kulendawo ngaphansi kwamaKhosi angamaSwazi.

UMhlonishwa uNdunankulu wakwaZulu:
ngkwakusho ukuthini lokho? Kawekho amaZulu kulendawo na?"

UDokotela Fecrnhof:
Akukho lutho okwasekufinyelelwe esiphethweni ngalo. UHulumeni

waseRiphabliki yaseNingizimu ne-Afrika wayesenqume ukuba loludaba alunqume ngokubambisana nelaKwaZulu kuphela, Manje sebebheke ethubeni lokwenelisa amaSwazi ngokunikela ngomhlaba olinganayo

noma ongcono kwelaKwaZulu. Bona (abaseRiphabliki) ngeke nabo bakuthande ukuthutha abantu ngaphandle kokuba nxa kuphoqa izizathu zomnotho, njengoba naye nje uHulumeni wakwaZulu ekuchitha ukuthuthwa kwabantu ezindaweni zabo. Bafuna ukulekelelwa ngelakKwaZulu ngokunikela ngomhlaba omkhulu kunalowo ocelwa ngelaseSwazini.

Kwacelwa imibono yezithunywa zaKwaZulu ukuze ilekelele kufinyelelwe ekhambini. Kwakunokwenzexa futhi ngokuxoxisana ukuba indawo elime umoba Obonjeni inikezwe elaKwaZulu. UHulumeni weRiphabliki yase= Ningizimu ne-Affika unenkinga ngabamhlophe (njengoba naye

uHulumeni wakwaZulu enezinkinga ngezakhamizi zakhe) ikakhulukazi magqondana neziqiwu zasetluhluwe naseMfolozi. Lapha elakKwaZulu lingase lifumane imali enhle ngeZezivakashi.

Nxa uMhlonishwa uNdunankulu waKwaZulu engase ebenezinye iziphakamiso zingase zibhekwe. Nxa lokhu kungafezeka kungase ukuzwana kube- nomphume 1a wobudlelwane obuhle phakathi kwelakwaZulu ne laseSwazini. Lokhu kwakungabuye kulekelele ngezindlela eziningi magondana nobudlelwane e˜-Afrika eseNingizimu.

UDokotela uZulu seeesonsseees/8

UDokotela uZulu:

Wathi ufuna ukuzioonda izizathu zakho konke lokÂ¥tu ukuze akwazi ukuchazela abantu emuva ekhaya., Uyehluleka ukvkuqonda ukuthi kudalwa yini ukuba elaseSwazini nxa linezikinga zenhlabathi likhulumele phezu komhlaba ongakaze ubengowaseSwazini. AmaSwazi akanalo ilungelo phezu kwalomhlaba okukbulunyelwa phezu kwawo futhi kayikho iNgwenyama yamaSwazi eyake yabanamandla phezu kwalababantu. Lababantu abakulendawo bayovele bazichithe nje kusasuka phansi nje leziziphakariso futhi bayofuna ukwazi ukuthi amaSwazi ayengayalelwa ngani engxenye nxa efuna omunye umhlaba.

UMhlonishwa uNdunankulu wakwaZulu:

Wakuphawula ukuthi akathandi ukuzihlanganisa nalengxoxo.

Wambonga vl’ckotela uZulu, nokho, ngomikelo wakhe kanye noDokotela. Koornhof futhi wathi kubalulekile ukuba uHulumeni waseNingizimu ne-Afrika ubenobudlelwane obuhle nelakwaZulu. Kepha uyehluleka yena ukukugrnda ukuthi iNingizimu ne-Afrika ikwenzelani ukuzama ukwenelisa izifiso zamaSwazi ngokulimaza amzZulu.

Mayelana namaZulu, selacaciswa ngokweneleyo iphuzu lokuthi ngeke lizihlanganise nokuhlanganisws komhlaba, cisho eshumini leminyaka elidlule ngawo 19,2, DMNokho-ke, nxa amabhunu efuna ukuphogelela izinto ngesibhamu, yena akanayo enye into ngaphandle kokuba athi "MAKUBENJALO" futhi yena ngeke asolwa muntu ngomphumela walokho.

Loludaba alukwazi ukuxoxwq ngaphambi kokuba lwethulwe ngaphambi koMkhandlu weSishayamthetho. Khona ekuseni nje ngalo lelolanga kwakuzwakaliswe ukukhathzzeka kukhokhasi yoMkhandlu wesiShayamthetho sakKwaZulu ngokususwa kwabantu basePiet Retief naseDurbe uHulumeni waseRiphabliki aphikelele ukukwenza.

Umhlonishwa ulgqonggoshe namaPhini akhe bangasichaza isiphakamiso sabo kuKhokhasi yoMkhandlu weSishayamthetho saKwaZulu nje. Kufanele kukhumbuleke , nokho, ukuthi amathambo eSilo uDingane afihlwe endaweni yakwaNyawo lena esifunwa ngamaSwazi. Umuntu akazi nje noma amabhunu afuna ukuziphindiselela eSilweni uDingane yini njengoba ayemnyanya futhi emz â\200\230nda ngemuva kokubulala kwakhe uPiet Petief, ukuthi amaBhunu akafuni khona yini ukuzibuyiselela eSilweni uDingane namaZulu ngalendlela. Nxa kunjalo, uMhlonishwa uNdunankulu wakwaZulu ....../9

Lgs
uNdunankulu wakwaZulungeke azihlanganise yena naloludaba.

Weluleka ngokuthi ukuze kubonakale ukuthi iRiphabliki yenza

into efanayo yonkÃ©miï¬\201ï¬\202awo, kufanele inikeze elaselesotho iFuleyistata
nxa icabanga ukunikeza ingxenye yelaKwaZulu kwelaseSwazini.
Ukukhuluma ngesinxephezelo akuzho lutho ngoba lezizindawo okuthiwa
""zizophiwa" elaKwaZulu zivele ziyingxenye yelakKwaZulu., Abantu
bakKwaZulu kabazona izingane ngakho abakwazi ukuluthwa kalula kan gako

UMhlonishwa uNdunankulu wakKwaZulu wathi kuyodingeka ayibukeze
yonke indawo ami kuyo nxa loludaba kughutshekwa nalo, ikakhulukazi
ngoba indawo emi kuyo isikhinyabezwe yanyundelwa okungangoba
ngisho naseMkhandlw'ni wakhe weSishayamthetho sekunabanye abantu
okubonakala ukuthi sebeqale ukumngabaza. Ngeke afune ukuba
yinkloko kaHulumeni wakKwaZulu nxa sekunalezizinqumo eziphogelelwa
kubantu bakubo nguHulumeni weNingizimu ne-˜Afrika.

UDokotela Koornhof:

"Asikwazi yini ukukuxoxa ngokuthula lokhu?"

1. Kabafuni ukuphogelela izinto ngesibhamu., Bakholelwa ekuxazu=
luleni izinkinga ngokuxoxisana. Wathi uyayiqonda indawo uMhlonishwa
uNdunankulu wakwaZulu akuyo. Akafuni ukuba abekeke endaweni

ebucayi yokungethenjwa ngabantu bakubo, Wathi uqinisile ngalokhu,
Ngokubona kwakhe yena nxa kukhona ukubawbisana, zonke izinkinga
zinokuxazululwa,

2., IRiphabliki yaseNingizimu ne-Afrika ayikaze ixoxe nelase
Swazini ngendlela yokuthi kukhona umhlaba engase inikele
ngawo ekuxazululeni izinkinga zemingcele.

(a) AmaSwazi asaâ\200\231udlulisela eNhlanganweni yeZizwe loludaba
esikhathini esithile esidlule. Athi amaKhosi amaSwazi
nabantu abangamaSwazi abakhe kulendawo bafuna ukukhonza
eNgwenyameni yamaSwazi,

(b) Ngokuhlinzeka koMthetho Wmmhlaba (International Law)
umbuso ozimeleyo kufanele nxa kunckwenzeka ubenendlela
yokufinyelela olwandle. AmaSwazi azicelele lokhu.

UMhlonishwa uNdunankulu waKwaZulu:
Kuyisimanga lokhu nxa umuntu ecabanga ukuthi eNingizimu ne-Afrika
abantu abamnyama ...evee000./10

abantu ahamnyama kabavunyelwe kuwowonke amabhishi. Lonk g ugu lolwandle lungclwabamhlophe bodwa. Ngahe manje sesephucwu

nalolo lubadlana logu lolwandle oluKwaZulu ngoba iRiphabliki ifuna ukuzincengela emaSwazini.

uMnu. van der Walt:

Wakhombisa ukuthi ufuna ukuphawula,

UMhlonishwa uNdunankulu waKwaZulu:

Wathi akasafuni ukuzwa lutho olughamuka kthu van der Walt, "Angikhulumi ngokuhlanganiswa komhlaba futhi ancizimisele ukukhuluma lutho ngakho," kwasho uMhlonishwa uNdunankulu waKwaZulu,

UDokotela Xoornhof:
Wanxusa ukubal okhu kuxazululwe ngokuzwana, Kulesisikhathi UMnu.

van der Walt wabonakala eqoqa amaphepha akhe ewagxisha esikhwameni wasivala wezwakala kunamazwi awakhuluma kuDokotela Koornhof ngesibhunu. UDokotela Koornhof wamtshela ukuthi akahlale angahambi,

UMhlicnishwa uNdunankulu waKwaZulu:

"Kulile sikhulume- iqiniso akukho lutho okungaxoxiswana ngalo ngokuzwana kuloludaba,"

UDokotela Koornhof;

Wathi uyawemukela umgondo woMhlonishwa uNdunankulu waXwaZulu wokuba aye kokwethula inkulumo kuKhokhasi uqobo lwakhe, *hlawumbe ahambisane nabanye,

UDokotela uZulu:
Wathi ukholwa yikuthi uDokotela Koornhof ubahlonipha kakhulu azhantu baKwaZulu ngakho ngeke athande yena ukuba v"okoteia Koornhof

akhulume nabantu ngoba akaboni yena (uDokotela uZulu  ukuthi loludaba luyudaba olufanele ukuxoxwa,

UMhlonishwa uNdunankulu wakwaZulu;

"Eginisweni lokhu kuylslvumelwano esingcolileyol /Asifuni ukungcolisa izandla zethu ngaso.

UMnu. Wentzel:

Usho ukuthi sinesihluku esikhulu? .
UDokotela uZulu ..seiveioneesesid

* 11w
* UDokotela uZulu:
Akukho lutho olungabekwe phanbi kweXhokhasi njengesisekelo

okunokuxoxe lwa phezu kwaso.

\UDokotelg.Koornhof;
Lingathosakala iphuzu okunckuxoxelwa phezu kwalo, njenzeSordwana

Bay nje kungadwetshwa umugqga ufinyelele olwandle ukhombise ukuthi
elaseSwazini lungayifumana kanjani intuba yokufinyelela olwandle
"akunakuxoxwa ngalokhuj"

Izithunywa zaKwaZulu:
zathi "Qha"

UDokotela F.T., Mdlalose:
Ngenhlonipho enkulu enkulumeni kaDokotela uZulu, yena ubona-ukuthi

kungasiza ukuba uDokotela Koornhof azibonele futhi azizwele ukuthi
uMkhandlu weSishayamthetho sakKwaZulu uphendula uthini esicelweni
sakhe. Ingani kungenzeka ukuba absnye abantu bafinyelele esiphe-
thweni sokuthi nguMhlonishwa uNdunankulu nje kuphela osichithayo
lesisiphakamiso kanti empeleni wonke nje uMkhandlu ungasichitha
ngokwawo nje nxa uDokotela Koornhof engase anikezwe ithuba

lokuzibekela yena lesisiphakamiso.

UDokotela Koornhof:
Uzobonana yena mathupha neKhokhazi, Waphinda futhi washo ukuthi
ngeke athande ukubona uMhlonishwa uNdunankulu wakKwaZulu ekhinyabezwa

ngokunyunde lwa.,

UMhlonishwa UNdunankulu wanwaZulu:

Ngabe uHulumeni waseRiphabliki yaseNingizimu ne-Afrika uzolinikeza
yini elaseSwazini amadolobha afana nawoBarberton, Carolina njalo
njalo okungamadolobha amaSwazi awafunayo athi angumhlaba wawo
njengokusho kukaMnu. Richard Dlamini ,uNgqongqoshe wawo
Wezangaphandle.

UDokotela Kocornhof;

Inkinga inzima kepha ukubonisana kusenokwenzeka. Wayengazi ukuthi

amathambo eSilo uDingane afihlwa kulendawo okukhulunywa ngayo.

Ngenxa yalokho=ke kungenzeka ukuba leyondawo ihlale iyingxenye

yelakKwaZulu. KXungabe kughutshekwa nokho ngokubonisana namaSwazi

ukuze kufinyelelwe emaphuzwini amukelekayo. Babhekene nezinkulumo
ZOMIBWARL cicecccecnesnseenses/12

zamaSwazi ezithi lamazKhosi afwna ukukhonza eNgwenyameni yamaSwazi}

UMhlonishwa uNdunankulu:

LamaKhkosi okukhulunywa ngawo enza izitatimende ezifungelweyo ekuphika lokhu. Isilo samaZulu, esithathe indodakazi yeNgwenyama yamaSwazi sithi iNgwenyama yaseSwazini ayikaze iluphathe loludaba kuso. Amandla obukhosi baKwaZulu phezu kwalendawo asukela emuva esikhathini sokubusa kweSilo uMpande. Eqinisweni lababantu bacela ukuvikelwa yiSilo uMpande ngenkathi iNkosi uNgwanase inezinkinga namaPutukezi, yacela ukuvikelwa yiSilo samaZulu.

Kukhona amalungu enkatha kulezizindawo kuye kushaye ewngceleni waseMocambique. Umuntu angawachazela kanjani lento?

Lokhu kuyolimaza ukukholakala koMhlonishwa uNdunankulu wakwaZulu Lokhu akunaso isioâ\200\231niseko sesimo esithembekileyo eNingizimu ne=-Afrika. Eqinisweni yikhona okuyodala isimo esingathembekile eNingizimu ne˜Afrika.

UDokotela uZulu:

Izitha zoMhlonishwa UNdunankulu ziyophenduka zimhleke usulu zithi ’uyalunga ngoba ukholelwa ekubonisaneni."â\200\235 UDokoteis uZulu wabesekwemukela ukuthi ukuza kukaDokotela Koornhof kuKhokhasi yoMkhandlu waKwaZulu kuyobanosizo.

UMhlonishwa uNdunankulu:

AmaKhosi akulendawo asathenjiswa ngamaSwazi ama=-casino nokunye nxa ebambisene namaSwazi. Kuy nto eyaziwayo ukuthi amaSwazi atshena lamaKhosi zonke izinto lezi. Ngesinye isikhathi iNkosi yenzelwe idili ibusiswe ngenhloso yokuthenga. Wakuphinda ukuthi kuyodingeka ukuba aphinde ayicabangisise indawo akuyo nxa loludaba lupho˜elelwa phezu kwabantu baKwaZulu. "Eqinisweni ukuba sinszo jzibhamu singazabalaza ngazo izibhamul" kwasho uMhlonishwa uNdunankulu.

UMhlonishwa Inxusa-Jikelele:
Wathi uyathokoza ukuthi loludaba selusezithebeni

UDokotela Koornhof:

Kungaba into seeecsscvssesees/13

wl 3

Kungaba intc enhle nxa loludaba lungaxazululwa ngokuthula nangokuzwana, Wabuza ukuthi kungenzcke yini ukuba kukhulunywe ngethut a lokuba amaSwazi anikezwe ingxenye yeNgwavuma ibese uHulu=- meni waKwaZulu enza isicelo sokunxeshezelwa ukuze yena (uDokotela Koornhof) asthule phambi kweKhabhinethi yakubo lesosiphakamiso.

UMhlonishwa uNdunankulu:

"Njzimisele ngokulahlekelwa yintando enhle yamaZulu ukuze nizuze intando enhle yamaSwazi ngisho noma sekucatshangwa ukuthi amaZulu ayizi 6 000 000 kanti amaSwazi ayingxenye enguhhafu nje wesigidi

kuphÃ©la, futhi amaZulu ahlala nani? Eqinisweni ayizakhamizi zaseNingizimu ne˜Afrika kanye nani."

UDokotela Koornhof:
Waphendula ngamazwi akuphikayo lokho. Wayezama ukugcina intando enhle yazozombili izinhlangothi, olwamaSwazi nolwamaZulu. Waye=-

cabanga ukuthi elaseSwazini, ngenxd yomlando walo wesikhathi esidlule lingase libenethuba ezindaweni ezithile lapho linokusungula khona ukuthula kulolonke elase˜Afrika eseNingizimu, ’"Ngeke yini kuphume le leke ukufumana intando yabo enhle ngaphandle koku-

hlekelwa ngeyamaZulu na? kwabuza uDokotela Xoornhof,

UMhlonishwa uNdunankulu:
""Qha! akunakwenzeka. Lokho kungafana nokugibela amahhashi amabili ngesikhathi esisodwa.

UDokotela Koornhof:
Nxa kungafinyelelwa ekhambini lokuzwana amaZulu angasizakala. Kungenzeka yini ukuba amaZulu ramaSwazi baluxoxe loludaba

nabamele uHulumeni.

UDokotela uZulu:

Kukhona nenkinga eqondene nesiqu somuntu nje ngoba amaSwazi awabukela phansi amaZulu futhi uMhlonishwa uNdunankulu amphathisa okukadoti. Lokhu kwenza ukuzwelana namaSwazi kubeyinto engena-kwenzeka. Uyakungabaza ukuthi amaZulu angakusekela lokhu. Kungase kudingeke ukuba uHulumeni waseRiphabliki azinqumele ngokwakhe ngaphandle kokufaka amaZulu.

UDokotela Koornhof:
Wabuza ukuthi ngabe isimo singaguquka yini nxa amaSwazi ezixoxela nngkwawo nuv-o-oouoocclc..ao.o/14

ngokwawo loludaba namaZulu,

UDokotela uZulu:
Wathi loludaba :eÂ¢lutiambe kakhulu. Ngisho noma udaba lwabo lwalungase lucatshangwe ngasekuqalzni kwalo, sekunzima m'nje

UMhlonishwa uNdunankulu:

Lokhu kwabuye kwenziwa kwaba kubi kwedlulela yikuthi amaSwazi ayeqale ngokuvz'sukela wona azokhuluma loludaba neSigungu sakKwaZulu Ngemuva kwalokho abesekhuluma amazwi eziswana nanendelelo okuthi ngeke wona akhulume noHulumeni waKwaZulu onguHulumeni

wesabelo nje. IBantustan nje."

UDokotela Morrison:
"Akulona udaba lokuhloniphana ncezikhundla?"

Impendulo ''Qha'

Umhlonishwa uNdunankulu:
Kungaba yinto embi kakhulu nxa iRiphabliki yaseNingizimu ne-Afrika

ingawesekela amaSwazi endleleni ath:tha ngayo elaKwaZulu.

UDokotela Morrison:
Kungase kwenzeke yini ukuba iKhokhasi ibenombone owehlukileyo

UMhlonishwa uNdunankulu:

"Kalikho ithuba lalokho.''Wathiuyayazi indlela uDokotela Koornhof ahlupheka ngayo ezandleni zabantu bakubo. Kepha-ke naye

uMhlonishwa uNdunankulu uhlupheka ngendlela efanayo,

uMnu. Raath:

UMhlonishwa uNggonggqoshe kufanele ahlangane neKhokhasi yakwaZulu,

UMhlonishwa uNdunankulu:

Kufanele abantu abathintekayo bazikhulumele bona noMhlonishwa uNgqongqoshe. Wabesecela uMnu. E,.S.E,Ngubane ukuba azwakalise imizwa yakhe njengomuntu ovela eNgwavuma.

UMnu. E.S,E.Ngubane:

Selokhu kwathi ..........â\200\230/15

~38a

Selokhu kwathi nhlo amaSwazi ababukela phansi abantu abangcbu.a abaseSwazini. /mÂ°Sw-=zi azirweba ngokuthi afundile. Abe lokhu engena ephuma endaweni yaseNgwavuma, Esikhathini esiciule ebebika esiteshini samaphoyisa kepha akasakwenzi lokho manje. Abantu bendawo bakhathazeke kakhulu ngokuziphatha kwamaSwazi.

UDokotela Koornhof:
1. Ngabe uMhlonishwa uNdunankulu uzothembisa yini ukuthi ngeke

asho lutho eMkhendlwini weSishayamthetho ukuze amdedele ukuba azikhulumele yena kuKhokhasi?
2. Ngale kwalokho iyiphi enye indlela okufanele loludaba

olubucayi luphathwe ngayo?
Kuhlale kukhona labo abaphehla uchuku abafana nenye intatheli

ethile nabanye.

Lokho kufaka amahloni amakhulu. UMnyango wakhe uhlala wenziwa jnhlekisa ngabantu abafana nalentatheli namalungu athile eqembu lePFP anjengoMnu. McIntosh azimisele ngokuba abonane naye ngasese amazise ngaloludaba ngelinye ilanga.

Lentatheli yayizama ukudala ughekeko phakathi kwabobonke abantu. Kayikho nje into avumelana nayo.

UMnu. McIntosh ubelesele ngemibuzo osekuholele ekubeni ukukholakala koMhlonishwa uNdunankulu waKwaZulu kungabazeke nokuba UMhlonishwa uNgqongqoshe woBambiswano neNtuthuko anukutshezwe. Kudalwa inzondo engadingekiyo. Kufanele kubenesitatimende esibhalwe ngokucophelela okukhulu okufanele sikhishwe ngemuva kwalomhlangano = esisodwa sibhalwe npuDokotzla Koornhof esinye sibhalwe NguMhlonishwa uNdunankuiu wakwaZulu.,

Kwabuye kwavunyelwanÃ© kamuva ukuba kubeyilowo enze isitatimende â\200\230esifushane esiqonde ngqo esisho ukuthi loludaba luzokwethulwa ~ phambi kweSilo samaZulu njengoba uthlonishwa uNdunarkulu

ayephakamisile.

Wabuye wabuza ukuthi angeza yini noNgqongqoshe uMnu. R.F. Botha nxa iKhabhinethi ivuma. Lesisiphakamiso sokuza noNgqonggqoshe

weZindaba Zangaphandle samukelwa.
uDokotela Koornhof: ..esevsss/16

T

uDokotela Koorrhn#:
Wabuye waphinda ukuthi akakholwa yena ukuthi sizckwehluleka

ukuxazulula loludaha.

uMhlonishwa uNdunankulu:
Wathi phakathi kwezirkinga eziningi eziyoghamuka nakanjani yileziâ\200\231

ezilandelayo:
Yinkinga yahantu ababhacileyo nabantu abantula imisebenziÂ®
Ngoba abantu baseNgwavuma abangafuni ukuba ngamaSwazi bayothu?hukela

kwe laKwaZulu.

UDokotela Koornhof:

Wathi iRiphabliki yaseNingizimu ne-Afrika seyangena yajula
kulezizinkinga. Abantu abaningi banckunikezwa isiqiniseko nxa
sebÃ©ngena ngaphansi kwamaSwazi, njengawothisha, izisebenzi
zikaHulumeni, izisebenzi nje, abahola izimpesheni nabanye. Kuyoba
nezivume lwano eziyokwenziwa ngamaPhalamende ehlukeneyo ngalokhu.

UMhlonishwa uNdunankulu:

Waphawula ukuthi bayodlule bathatwe njengezihambi nxa indawo
yabo seyifakwe kwelaseSwazini. AmaSwazi ayaziwa ngokubandlulula

ngisho namanye amaSwazi akubo azalelwa ngaphandle kwelaseSwazini
Kwedlulele-ke kubantu abangewona amaSwazi, Ngokwesitatimende
esakhishwa nguNdunankulu wawo, babhekene nomphakathi wezingane
eziyizi 5 000 eseziqede i-High School ezentula imisebenzi.
Lesisibalo sithathwe emphakathini omncane wabantu abanguhhafu
wesigidi.

UDokotela Koornhof:

1. Ukuba udaba Ilungathathwa ngamawala kepha lusetshenzelwe phansi
eMkhandlwini waKwaZulu.,

2. Kufanele litholakale ikhambi ukuze kuvunwe ukusizakala okuningi.

UDokotela O.D.Dhlomo:

Wabuza ngalokhu "kusizakala" uNgqongqoshe ayelokhu ekhuluma ngakho

ephindelela.

UNgqongqoshe wathi njengomuntu onguMkhristo yena akafumani lutho

oluyiphutha kulesisinzo samaSwazi sokuzifunela umhlaba.
UMhlonishwa uNdunankulu ......./17

UMhlonishwa uNdunankulu:
Insizwa en "2 lene ositarhis˜ao nayo isisemashumini ayisikhombisa

eminyaka yobudala futhi nayo inguMkhristo ozinikeleyo ngokujulile. Mhilawumbe kufanele sisicabangisise neseluleko sayo nayo. Kungasisiza ngani ukuzincengela emaSwazini ayizi-500.000 kepha siphathe kabi emaZulu ayizigidi eziyisithupha esihlala nawo na?

UDokotela O0.D. Dhlomo:

Wathi uyamangala ukuthi ubulungu bamaSwazi eNhlanganweni yeZizwe naseNhlanganweni Yobunye Be-Afrika buyinto ebekwa phezulu kangaka. Eqinisweni ubulungu beMalawi eNhlanganweni YeZizwe naseNhlanganweni Yobunye Be=-Afrika bunamandla amakhulu.

UDokotela Koornhof:
Ibanga libalulekile.

UDokotela 0.D. Dhlomo:
Nxa iNgwenyama yamaSwazi ifuna ukuhlanganisa amaSwazi kudingeke

ngani ukuba ifune umhlaba wamaZulu kanye nabantu bakKwaZulu? Eqinisweni nxa bethatha Ingwavuma bathatha isimo esingathembekile neze ngokuthatha abantu abangafuniyo ukungena ngaphansi kwelase-Swazini, Kudalwa inkinga. Sizolahleka, isimo esithembekileyo. INingizimu ne˜Afrika ayikwazi nokucabanga ngokuhaboleka imali?

UMhlonishwa uNdunankulu:
Wathi ubona ukuthi njengoba kuvunyelwene luludaba akufanele

lubhungwe njengamanje.

UDokotela uZulu:
AmaSwazi angase athi anodaba anckuluyisa eNhlanganweni Yezizwe

naseNhlanganweni Ycbunye Be=-Afrika nxa ekhuluma neNingizimu’ne-

Afrika. Bqinisweni amaSwazi afuna umhlaba okwakhe kuwo abantu abamnyama. Kuyoke kubonakale- e ukuthi iNhlangano yoBunye Be-Afrika iyovumela ukuba kubenomhlaba owephucwa abantu abamnyama unikezwe amaSwazi. Akuwona umhlaba wabamhlophe lona.

UDokotela Koornhof wababonga bonke ababekhona ngamaxoxo wanxusa ukuba kwehliswe imimoya.
XXX X XXX XXX XXX XXX XX XX XXXXXXX

Angikuphiki l."’.â\200\230...l...ï¬\201â\200\230/lg

Angikuphiki ukuthi kukhona ubuhlobo begazi phakathi kwamanye amaKhosi nabantu bakulesisifunda namaSwazi. Kepha lcbobuhlobo

ngibubona bungahlangene nakancane nalomhlaba amaSwazi athi

â\200\230ayawufuna nathi ngowawo.

Angifumani lutho emlandweni oqoshwe phansi oluthi abakwaMathenjwa bake babangaphansi kweNgwenyama yaseSwazini nangasiphi nje isi-khathi. Ngishe nomlobi womlando uBryant ubachaza njengomakhe lwane bamaSwazi nje kuphela. Balwa izimpi nabakwaMngomezulu r.genkathi abakwaMngomezulu bebuswa yiNkosi uLubelo. Ngemuva kwezimpi

zabo zabo nabakwaMngomezulu, abakwaMathenjwa babuyela ezindaweni zabo ababesuke kuzo ngenkathi bengqubuzana nabakwaMngomezulu; YiSilo uMpande owabakhiphayo base beya kokwakha emhlabeni okwa=-kwakhe amaPutukezi kuwo. Ngemuva kokuthathwa komhlaba ufakwe ngaphansi kweNatal ngo 1887, iNkosi uMtshelekwane Mathenjwa wabuyela nabantu bakhe emhlabeni ayevele akhe kuwo. Akukho lapho sifunda khona ukuthi ngalezizikhathi zezinxushunxushu abakwa-Mathenjwa bake bakhoseliswa yinoma iyiphi iNgwenyama yamaSwazi noma yingayiphi indlela ngeï¬\201kathi benezinkinga. Abazange baye nokuyocela usizo emaKhosini aseSwazini,

NabakwaMngomezulu kabachazwa njengamaSwazi emlandweni, futhi akukho lapho sifunda khona emlansweni wethu ukuthi bake babangaphansi kweNgwenyama yamaSwazi. INkosi uLubelo Mngomezulu wayeyilNkosi enothuli ekhonze ukulwa eyayihlukumeza zonke izizwe ezazakhelene nayo, zonke ezacela ukuvikelwa yiNgonyama UMpande. Ngenka*hi abakwaNyawo nabakwaMathenjwa beyivukela iNkosi uLubelo, wayecabanga ukuthi ubalekela ermhlabeni wabamhlophe ngenkathi efumena ukuthi umhlaba ayebalekele kuwo kwakungumhlaba wamaSwazi. Babesebecela ukuba ambhacise. Indodana yenkosi uLubelo, uMbikiza, yabuye. yabuyela emhlabeni wayo omdala. Ngokuhamba kwesikhathi abakwa-Mngomezulu bazihlanganisa nabakwaMandlakazi. Babengayi ngani eSwazini?

AbakwaNyawo, njengazo lezizizwe ezinye, kabawona amaSwazi ngishd noma behlobene nawo nanjengoba ngenxa yokwakheleona sebathatha eminye imikhuba yamaSwazi baze baganiselana futhi namaSwazi. Ngisengumfana ngangifunda nabafowabo beNkosi yakwaNyawo ehusayo njengamanje eMahhashini. Kwayona iNkosi ingamlandisa yona ngo=kwayo ngobudlelwano besikhathi eside phakathi komndeni

wayo nendlunkulu /.....I9/

w]0a

wayo nendlunkulu yaKwaZulu cbusukela ezizukuiwaneni eziningi ezidlule. Ngisho nemz besingake sithi asithi zonke lezizizwe zingamaSwazi-ke, iphuzu elibacashelayo abathile ngelokuthi u-

mhlaba abakhe kuwo akungabazeki ukuthi wawuvele ubuswa ngamaZulu izizukulwane eziningi. Kukhona ukukhuluma okuthi iNgwenyama yama= Swazi ifuna yonke lemihlaba ngoba ifuna ukuhlanganisa abantu bayo. Lokhu kuthathe kuyenze ijule kakhulu impica yentshisekelo engaka kaHulumeni waseNingizimu neAfrica ngoba kuyinto eyaziwayo ukuthi baningi kakhulu abaTshwana abaseBophuthatswana nangaphakathi eNingi-zimu neAfrika kunalabo abahlala eBotswana. Iningizimu neAfrika ka=˜ yibshlanganisi ngani nabafowabo begazi abaseBotswana? Yini ngempela engemuva kokuvunwa kwelaseSwazini yiNingizimu neAfrika?

Kukhona abantu abayisakhamuzi zase Ningizimu neAfrika abakhuluma i-Sisuthu eFuleyistata okuyizwe leNgonyama uMshweshwe ngokomlanc<o. Iningizimu neAfrika ayikulaleli ngani ukuncenga kukaDokotela uJonathan ukuba elaselLesotho libuyiselwe umhlaba okungowalo ngokomlando. Le-zizizathu esitshenwa zona akuzona ngempela ezidala ukuba iNingizimu neAfrika ikukhuthalele ngalendlela ukumikela ngomhlaba waseNingizimu neAfrika kwelaseSwazini. Lento ayikaze yenzeke ndawo e-Afrika. UHulumeni waseNingizimu ne-Afrika akakazitsheni muntu izizathu zange=

mpela zokuthi ufunelani ngempela ukusidayisa ukuze athenge ngathi ubuhlobo nelaseSwazini na? INingizimu ne-Afrika ithathekile izi-nhlelo zayo zokukhiphela sbantu abaMnyama ngaphandle mjemgeziha-

mbi ukuze umhlaba wase Ningizimu ne-Afrika ongowazozcnke izizwe zakhona usale ungowabamhlophe, okungangoba sebeze bafumana enye i-ndlela ydkukwenza ’ okhu ngaphandle kokukwenza ngalszizinhlelo

okuthiwa nguzimele geqe. Njengoba thina lapha siyayichitha inkulu-leko-mbumbuiu lena yabo, sebenqume ukuba bayilahle enye ingxenye Â° -yomphakathi wethu ngokunikelatngabo kwelaseSwazini ngogqoko. Ama-Bhur:u akazange azinqobe lezizindawo, futhi akekho omhlophe owake waba ngumnikazi waleyongxenye yezwe lakithi. Kuyimpica-ke nje ukuba kube ngamthunu manje afuna ukunikeza amaSwazi into okungeyona neyawo ama= Bhunu. Intengo yalokhu kufanele jbeyinhle kuzozombili jzinhlangothi. Angingabazi ngalokhu. Kunezizathu ezeneleyo zokuthi kudilwa yini ukuba abantu abaMnyama babenezinhliziyo ezinesihlungu ngokungqotshwa komuntu omnyama. Ngakho-ke kuyangimangaza ukuba uHulumeni waseNingi-zimu ne-Afrika agovuze lelibhodwe lentukuthelo yomuntu omnyams ngokuni-keza amaAfrika ezinye izizathu zokunyanya kanye nokubazonda ab amh lophe

imbala. Siyizakhamuzi zaseNingizimu ne-Afrika kanye nabo
kepha bazimisele/....20/

kepha bazimisele ukusidayisela amaSwazi ngobuqili obunje e oku=
ngekho muntu owaziyo imininingwÃ©ne nemidiyo yabo njengamanje.

Izolo sikuzwile okwashiwo yiNgwenyama yamaSwazi uqobo lwayo ezithu=
nyweni ezazithunyelwe kuyo yiNgonyama yethu., Ngizophinde futhi
ngicele abanye kulaba ababengamalunga ezithunywa lezi ukuba

banazise ngokucabanga kweNgwenyama yamaSwazi uqobo lwayo ngaloludaba.

Size lapha ukuzokuzwa eMakhosini nakubantu bakulesisifunda ukuthi
baphendula bathini ngalokhu kudayiselana okwenzeka phakathi kwe-
Pitoli neMbabane ngegazi lomuntu omnyama ocindezelwey6 waseNingizimu
ne-Afrika. Ngicabanga ukuthi ozakwethu eMkhandlwini weSishayamthetho
saKwaZulu bafune ukuzizwela bona okuphuma ezindebeni zemilomn yenu,
yingakho nje silapha. Izindawo zalamaKhosi, ngokomlando oqoshwe
â\200\230phansi, zathathwa ngamaNgisi ngo 1895 zaba yingxenye yeNatali.

Lokho akuhlangene nobudlelwane nokwemukela kwazo ukubuswa yi-
Ngonyama yaKwaZulu ezizukulwaneni eziningi ezidlule. Ngakho
lezizindawo ziyingxenye womhlaba waKwaZulu. INingizimu ne-Afrika
iyemukeleka eNhlanganweni Yobunye Be-Afrika (OAU) naseNhlanganweni
Yezizwe (UN) njengombuso ozimeleyo phezu kwalemingcele. AmaSwazi
angaya eNkantolo yoMhlaba ngaloludaba nxa ethanda. Kuyobakuhle
ukubona ukuthi i OAU ngokwayo rsbobonke abantu abamnyama base-
Ningizimu ne-Afrika bayocabangani ngoMbuso omnyama ofana nelase=
Swazini oyomangala eNkantolo yoMhlaba umangalele umhlaba cngawabantu
abacindezelweyo baseNingizimu ne-Afrika, ulekelelwa futhi ukhuthazwa
nguMbuso wedlanzana labacindezeli osePitoli, abadayiselana nalo
ngomhlabe ongowabantu abamnyama. Kuyakhanya ukuthi elaseSwazini
lisikelwa yiNingizimu ne-Afrika kulomhlaba eliwufunayo. Thina
ngakolwethu uhlangothi sizokwenza konke okusemandleni ethu ukwazisa
umhlaba ngalomdlalo wobuqili elaseSwazini eliwudlala neNingizimu
ne-Afrika ngaphansi kwamatafula ngegazi lethu., Udaba lokuvula
udaba lwemingcele ngemuva kwezizukulwane eziningi kangaka lugala
into entsha e-Afrika engase idale inxushmnxushu esabeckayo

nxa ingase ivunyelwe kuloludaba lwaseSwazini.

Kuyobakuhle ukubona ukuthi bathembe ukuthi bayoba ngcono ngani
1abo abafuna ukungeniswa kwelaseSwazini nxa sebengaphansi
kwelaseSwazini .eevecesesesss/21

kwelaseSwazini elinesisekelo somnotho esisesincane kangaka. Abantu bÃ©dinga imisebenzi futhi badinga nezimali zokulekelela umphakathi njÃ©ngezimpesheni nje nokunye. Siphila emphakathini onombuso ocindezeleyo, kepha kuyoke kube kuhle ukubona ukuthi kuyobangcono ngani ukuba seSwazini kunokuzabalazela inkululeko yeNingizimu ne-Afrika kanye nathi sonke. Ingani ukukhululeka kweNingizimu ne˜Afrika kuyoba yikukhululeka kwalolonke elase-Afrika eseNingizimu.

Kukhona amanga asakazwa emaphephandabeni aseSwazini ahujuzwa ngabantu asebalahlekelwa ngubuqotho kwezombusazwe abafana noDavid * Lukele, okuthi yimina engadala inkinga yabantu bakwaMngomezulu ababhace eSwazini. Kuyamangalisa ukuba uMbuso ozihlonipha njengo-wasweSwazini udedele ohubhuhubhu kabhejane abafana noDavid Lukhele ukuba bashovuzane naloluhlobo lwamanga alusakazayo

uDavid Lukhele ngami. Akekho lapha ongakwaziyc ukuthi iNkosi uNtunjwa wehliswa nguhulumeni waseNingizimu ne-Afrika esikhundleni ngdphambili kakhulu kokuba lendawo ibe ngaphansi kwethu. Wabe=sebaleka nabanye abalandeli bakhe baya ngasohlangothini olunga-seSwazini. Manje-ke ngoba kuhloswe ukusenga izimali eSikhwameni seKhomishani yeNhlangano Yezizwe eqondene nabantu ababhace kwamanye amazwe, sekusakazwa amanga okwakhiwa nje okuthi yimina engadala ukuba uNtunjwa ehliswe esikhundleni nokuba abalekele ngasengxenyeni engaseSwazini yendawo yakwaMngomezulu, Into esiyibona endaweni yakwaMngomezulu yinto ejwayelekileyo kuyo-yonke i-Afrika. Umuntu ufumana izizwe eziningi ezigxamalazele imingcele eyadatshulwa yimibuso yabamhlope eyayibusa lapha e-Afrika ngaphandle kokubonisana namuntu. Noma ngubani-ke othi uNtunjwa Mngomezulu, owake wabayiNkosi, nabalandeli bakhe abaseSwazini bayinkinga yabantu ababhacileyo eyadalwa yimina bakhuluma amanga aluhlaza ngamabomu ngoba behlose ukuqola iKhomishani Enkulu yaBantu Ababhacileyo izimali okufanele ziye kubantu ababhace ngeqiniso, hhayi kubantu abangababhaci-mbumbulu abafana noNtunjwa nabalandeli bakhe. Ngiphosela noma ngubani inselelo ukuba aveze ubufakazi bokuthi lokhu engikusho lapha kuyiphutha noma akulona iginiso.

Njengoba ngakuphawula kuNgqonggqoshe Wobambiswano Nentuthuko,

uDokotela Koornhof nawozakwabo ngomhlaka 8 kuMashi:
"Okokuqala ’l.......lâ\200\230l’.l../zz

"Okokugala, loludaba seluqgala ukuba ludale uï¬\201ungabazeka E kobuqotho kwezombusazwe. Epephandabeni i-"Swazi Observer" yomhlaka 27 Febhuwali, ngibekwa icala lokuthi yimina "engadala ukubaAkudaleke iNkambu yabantu bakwaMngomezulu,’eNgwavuma ababhace ngaseMpumalanga nelaseSwazini. Loluhlobo lombiko ngilufumana luyiphutha elikhulu kakhulu. Â¥vyirto engumlando ukuthi,abantu_bakwaMngomezulu, endaweni yaseNgwavuma bavele bangaphakathi kwendawo engeyakwaZulu. Bebevele bekhionze futhi behlonipha aMakhosi aKwaZulu ngokulandelana kwawo ngenkathi elaseSwazini ngokwalo 1alingakangeniÂ§wa kulelizwe ngezandla zabarhlophe ,emabalazweni abamhlophe ukuze kufezeke izidingo zokubusa phezu kwezinye izizwe.

Kuyinto esingumlando futhi ukuthi izinkinga zakwaMngomezulu zisqula esikhathini esingaphambili kokuba mina ngemukele isicelo sabantu sokuba ngemuke le. umsebenzi webuholi baKwaZulu ohlelweni olwalwaziwa ngokuti nguMaziphathe WeSizwe ngaleyo-nkathi.. Ngenkathi kusungulwa Umaziphathe weSifunda sase-Ngwavuma, kunengxenye yabantu bakwaMngomezulu eyenqabayo ukuzihlanganisa naloluhlelo olusha olwalulethwa endaweni. Ingqikithiâ\200\230yenkinga yayidalwe yikwehluleka kukaNdabazabantu weSifunda owayehluleka kwathi izeluleko zePitoli zaphambana nendlela yabantu bendawo yokudabuka yokukhetha amakhosi. IPitoli labeka iNkosi eyaghekeza abantu bakwaMngomezulu phakathi.: Lokhu kwehluleka nobuthutha .babamhlophe kwezo-mbusazwe  sekusolwa mina ngakho manje.  Kuyihlazo elikhulu ukuthi. sekuyimina manje esengisolwa ngalesisimo. Nxa kuyi=-kuthi:lolughekeko oludala emphakathini wakwaMngomezulu seluqalwa phansi manje lugalwa ngabathile abahlose ukuba kusizakale izinhloso zabo ngalo,noHulumeni waseSwazini _ kunohlangathi aluvunayo nalukhuselayo kulologhekeko, akufanele ke ngisolwe mina ngemiphumela emisha yalenkinga esinesikhathi eside ikhona.

Mhlonishwa, Ngqongqoshe, uMnyango wakho unayoyonke iminini-ngwane futhi kungasebenza imisebenzi omkhulu ukuba amaginiso aloludaba. uwadlulisele kuHulumeni waseSwazini.

â\200\231 Kukh Ot asis oo segigminions.s s sy neasf23

il o

’Kukhona abakwaSmith ngesibongo lapha eNingizimu ne-Afrika
abanokuziphatha ngokwezomphakathi, ezenkolo namasiko˜okï¬\201ï¬\201\
fanayo nokwabanye abantu bakwaSmith eNgilandi lapho bonke
oSmith badabuka khona. Ngabe lokhu kusho ukuthi oSmith
baseNingizimu ne-Afrika bangamaNgisi yini, nokuthi bakhonze
eNdlovukazini yaseNgilandi na? Udaba likuthi abanyeiabantu?
abayizikotshi ngokudabuka babhinca izididla zezikotshi
babethe namagemfe eziKotshi ezilenga izikhwamakhwama akusho
ukuthi kabazona izakhamuzi zaseNingizimu ne-Afrika ngokuphe=
leleyo. Abantu bakwaMngomezulu bangase bafane namaSwazi
kweminye imikhuba yabo yomphakathi kanye namasiko, kepha lokho
akusho ukuth1 kabazona izakhamizi zaseNingizimu ne-Afrika
njengawe nJe, Mhlonishwa Nqungqoshe. Bangabantu bakini nje
nabo ngakho wena nami sinomsebenzi olindeleke kithi wokuba
sizilondoloze 1z1d1ngo zabo n3engezakham121 zaseNingizimu
ne-Afrika. Kuzothi ngokuhamba kwesikhathi ngisungule uphenyo
olugcweleyo ngesimo sakwaMngomezulu ngikhiphe umbiko
ohlolisisiweyo ngalaloludaba. Kuyadingeka lokhu futhi

uMnyango wakho ungelekelela ukuhlinzeka imininingwane okuyi-
yona 1semnyangwen1 wakho ngokwakheka kwabantu bakwaMngomezulu
eNgwavuma kanye nomlando okhomba umnyombo wosendo lobuKhosi
bakhona kusukela ekuqalen1 kwalelikhulu leminyaka esiliphethe.

Kuthiwa uHulumeni waseSwazini uthi ufuna indawo okwakhe kuyo
abantu bakwaTembe ngesizathu sokuthi labobantu babekhonze
enkcsini uSobhuza .

Isitatimende esiqghamuka kuwe, Mhlonishwa Ngqongqoshe, sokuthi
lokhu skulona iqiniso singalekelela kakhulu ukuvuselela intando
enhle kulendawo. Indawo okwakhe kvyo abakwaTembe inabantu
bezizwe eziningi abakwe kuyo.

Ngenkathi uNgwanase Tembe ebaleka ukuhlukunyezwa ngamaPutukezi,
- wacela ukuvikelwa ngamaNgisi. Kulendawo, akazange acela uku-
vikelwa ngamaSwazi. Ngaleyonkathi umndeni wakwaDlamini wawu-
ngakazihlanganisi nokuzihlanganisa njengeSizwe samaSwazi.

ElaseSwazini ngokwalo ladalwa ngamaNgisi namaBhunu.
Udaba.....l...’l.ll..l......./24

Udaba lokuthi unina kaNgwanase wayezalwa eNdlunkulu yamaSwazi
akuluthinti ngalutho loludaba. Nodaba likuthi isibalo esithile
samakhosana_kÃ©NgwÃ©nÃ©Ã©e Tembe saganwa yizintombi zamaSwazi
akusho lutho. NXÃ©Akï¬\201ï¬\201galandelwa kungasho ukuthi nelakwaZulu
selingathathwa njengombuÃ©o wamaSwazi phela ngoba iSilo sama-
Zulu siganwe yiNdlovukazi ezalwa yiNQWÃ©nyama yamaSwazi â\200\230
uSobhuza = wesibili.

Ngenkathi uNgwanase Tembe ekha endaweni esikwaZulu manje,
kwathunye lwa iMantshi kaHulumeni wamaNgisi ukuba iyophatha
kuleyondawo. Izinkinga shlangabezana nazo kwaba yikuhlanganisa
abantu bendawo. Kwakukhona izizwana eziningi zokudabuka
ezazikhonze emaKhosinivakwaZulu ngaphambi kokufika kuka-
Ngwanase kulendawo. Ngaphambi kwakhe futhi kwakhona enye

indlu yamaKhosi akaTembe eyayakhe ezindaweni ezingasogwini
dbathi yibona abayindlu engamele okuzalwa kuyo uNgwanase
ngokwezombusazwe .

Mhlonishwa, Ngqongqoshe, ngikunikeza lemininingwane ukuze wena
uqobo lwakho ulazi kahle iginiso likuthi abantu abakhe endaweni
yakwaMhlaba-uyalingana nabantu basesifundeni saseNgwavuma
bayizakhamizi zaseNingizimu ne-Afrika abangakhathazeka kakhulu
ukufumana ukuthi usubanqumele ngokwakho ukuthi kabazona
izakhamizi zaseNingizimu ne-Afrika, ukuthi bazolahlekelwa
yiwowonke amalungelo namathuba ezweni labo lenkaba. Ngoba
phela yikho lokhu okulinganiswa yimibiko lena engikhuluma ngayo

Kungadaleka obukhulu ubutha lobu okungangoba nombuso wamaSwazi
ngeke wayenela. Lokhu kungadala ukuka lendawo iphenduke umhume
omuhle kakhulu walabo abaghamuka ngaphandle ngenhloso yokuzo-
hlasela lelizwe. Abantu abangaqondisisi kahle bangase bakholwe
yikuthi ngeke kwasho lutho lokhu ngoba kungavele kukleliswe
amabutho ezokuvikela aseNingizimu ne-Afrika ezintabeni zo-
Bombo ehlise nomfula uMkhuze. Nabashokobezi balandela umzila
onabantu abawakheleyo. Abantu bakulendawo baxhumene namakhulu
ezindawo zaseNingizimu ne-Afrika okur gangoba ngeke yabakhona
indlela yokunqanda ukuba abashokecbezi balandele lomkhondo.
BlaseSwazini s.eevessccescseeescd2S

ElaseSwazini liagazifumana lisesimeni lzshc imikhankaso
yckuxoshana nalababashokobezi nangaphesheya kwemingcele
iyongena njalo igamanxe kulolonke izwe elithi lingelaseSwazini

Mhlonishwa, Ngqongqoshe , ukuhlongozwa kokuba indawo yakwa-
Mhlabuyalingana ingeniswe kwelaseSwazini kuphambene nokwenza

ckungangoba ngicishe ngehluleke ukuba ngingaze ngikucele
ukuba unginikeze isiginiseko sokuthi uHulumeni waseNingizimu
ne-Afrika akanayo lenhloso. Amahlebezi nokulinganisa kwama=-
phephandaba sekudlange kwadlondlobala kakhulu ukuba nginge-
kubuze.,

Ngiyasicela˜ke isitatimende esivela kuwe Mhlonishwa, ngoku-
shesha ngokunckwenzeka., Sinezinkinga ezeneleyo ezidinga sonke
isikhathi esinaso kulesisikhathi ngakho kungeke kwaba yiku-
hlakanipha ukuzandisa lezizinkinga kuze kufinyelele lapho
intando yethu enhle nokuzimisela kwethu ngokulungisa izinto
kungaze kushabalale kuphenduke ukulahlekelwa yithemb.

Kulesisimo esibi samahlebezi nokuqagela kuye kwengezwe ngenki=-
nga yaKaNgwane. Okokuqala njengoSihlalo weNhlangano Yo-
Bambiswano LwaBamnyama YaseNingizimu ne-Afrika (South African
Black Alliance) , angikwazi ukuba ngingavele ngingakushayi
mkhuba nje ukwengena nentukuthela yabantu abakhe KaNgwane
nabakhetha abaholi babo nabasekela ukuhlanganyela kwabo
eNhlsnganweni YoBambiswano Lwabamnyama YaseNingizimu ne-Afrika.

Ngingakuphinda nje ukuthi i-Afrika seyanquma ukuthi nala e-
minye imingcele eyamiswa yimibuso yabamhlophe eyayibusa

phezu kwezinye izizwe iyinkinga enkulu, lezozinkinga ziphe=
nduka ubala nxa zighathaniswa nezinkinga ezidalwa yikugudlulwa
kwemingce le ehlukanisa amazwe.

Sesivele sinazo lezizinkinga ezifufusayo ngemingcele yalokhu
ckuthiwa yizabelo ezizimele-geqe. Lezi yizinkinga zasekhaya
esiyozixazulula thina phakathi kwethu ngelinye ilanga
Ukuphendula loluhlobo lwezinkinga zenziwe izinkinga zomhlaba
kuyozenza zibebucayi kangangoha nginovalo clukhulu ngoku=
thembeka kwesimo esikhathini esizayo.
Kulesisikhathi.ccoeoeeoeconee/26

-'i6n

Ku1e5151khathi sesenze konke okusemandleni ethu ukukhombisa intando enhle, sizama nokubhekana nesimo . iphuthumayo soku=fumena elinye ithuba e11muke1ekayo elino kusebenza esikhundle=ni sezinxoso zoMhlonishwa uNdunankulu zompheme wemibuso abamblseneYO (confzderal), kungubuthutha obuphindiweyo ukughu=beka nanoma yimaphi amaxoxo ngokusikwa kwezingxenye zeNingi=mu ne-Afrika nokuzifaka embusweni. ongumakhe lwana ngenhloso yÃ©kudala isimo esingathembelekiyo kuyo.
:j'Nalapha futhi ngisakhuluma ngokungathekisa ngoba ngiphendula

/ phezu kwezinkulume zamaphephandaba namahemuhemu. Kulesisi-khathi kufanele ngixwaye ngoba nginovalo lwangempela lokuthi uHulumenl waseNingizimu ne-Afrika angase azifeze izinsongo zakhe zokusungula umpheme wemibuso ethile ebambiseneyo abesezama ukusiphoqa ukuba nathi singene ngaphansi kwawo ukuze lesisinyathelo sizuze ukuhlonipheka kwento esemthethweni."

INgwenyama yamaSwazi isiphumele obala manje ukuthi ifuna lendawo yengezwe ezweni layo. Izizathu zayo azizwakali kimi. Wakhuluma kuphela ngokuganiselana abaseMalangeni abakholelwa kukho ukuqinisa ubuhlobo begazi. Siyazi ukuthi enye iNdlunkulu yeNgwenyama yagha=muka kuso lesisifunda nasemndenini wakwaMngomezulu. Kasazi noma yilokho kuganiselana yini okwenza lendawo ibeyingxenye yelase=Swazini Kungenxa yokuba singakholwa yikuthi abantu bakulendawo bayafuna ukuba yingxenye yelaseSwazini ukuza kwethu lapha. Kukinina-ke ukuba nisho noma nifuna ukufakwa kwelaseSwazini yini noma qha.

Nxa nifuna, mina nginganeluleka ngokuthi nikhululekile ukuba niye eSwazini nishiye lomhlaba waKwaZulu ngemuva nxa nihamba. Labo abafisa ukulandela uNtunjwa nabalandeli bakhe baye eSwazini bakhululekile ukuba bahambe. Kayikho nencane nje indlela yokuba singase sidedele noma iyiphi ingxenye yomhlaba wethu ukuba usetshenziswe nguMbuso ukuzincengela amaSwazi nganoma yisiphi isivumelwano asebesenzile ngemuva kwethu njengabantu abammyama eNingizimu ne-Afrika abantula umhlaba ngalendlela. IPitoli kali-waniki ngani amaSwazi amapulazi abamhlophe na? Ngeke balokothe bakwenze lokho ngoba abavoti babo bayosekela uDokotela Treurmnicht, babakhahlele ezingeni bona okhethweni oluzayo. Njengoba thina bantu abamyama singenalo nje ivoti, bayakwazi ukwenza abakuchanda=yo ngathi nomhlaba wethu.